Ilanga lase Natal.

Igez'elincokazi, elipuza yonke imilambo nemicacazo. Linababhaleli zonke izigojana. Nampa abatengisi betu elitolakala kubo. Olifuna ngeposi atumele lap'Ohlange, Phoenix.

Durban Native Market, F. M. Cele.
" 113 Field Street, KwaNgiobamakos.
" 124 " " KwaGulakuseni.
" Prince Alf. Str., C. Gumede.
" Native Location, ...
" Point, Bell Str., J. Mcanyana.
Verulam, Thomas V. Ntanzi.
Stanger, S. S. Ndhlovu.
Sipo Bulose, Mapumulo.
Hill Crest, Elijah Nxumalo.
Pietermaritzburg, A. J. Sililo.
Ixopo, Paulos Ccnco.
Vryheid, B. E. Mhlongo.
Greytown, E. M. Zuma.
Dundee, J. Ngubane.
Ladysmith, S. H. Maduna.
Newcastle, E. ka J. Kuboni.
Witbank, Ezra Koza.
Emtulwa, Mt. Elias, M. B. Mazamane.
Standerton, Isaiah Tshabalala
Volksrust, S. B. M. Sloom
Ermelo, W. Galela.
Johannesburg, Christian Literature Depot.
" Jeppe'stown, Miss E. East.
" Braamfontein, J. Mota.
New Clare, Jno. S. Hlabi.
Pretoria, A. N. Mahlangu.
Germiston, Thomas Msimang.
Roodepoort, Sampson Sibisi.
Brakpan, J. M. Shibe.
Barberton, Barnes Myiseli.
or t Elizabeth, P. O. Box 400 James Boag.
Rhodesia, Plum Tree, S. L. Kupa.

QONDANI EMATSHENI

Ku'

KLEMENS, Umlungisi Umkandi WeziNkatali.

Indawo engcono yokulungisa iziNkatali. Ngisho lufe kanjani, luyavuka ngokushesha noma selwahlula abaningi. Woza kimi luzovuka lube lusha, lukale kahle futi njengokutanda kwako. Noma inhlobo enjani. Futi ngitengisa ngezimpahlana ezincane, zonke izinhlotshana ungazitola kimi.

Qondani, Ematsheni ku
K. L. N. SYESH.
Auto-Harp Repairs,
Native Market,
Victoria Street, Durban.

ISAZISO.

Uma ufuna umuti wezilo yiya esitolo otenga kuso ufike ubize HARTLEY'S ORIENTAL VERMIFUGE (Umaqotula) uqiniseke ukuba lowo muti akunika wona unesitombe sendhlovu uqapelisise ukuti unegama lika HARTLEY. Ninga panjaniselwa. Nibuze kumnini vinkili uma engenaye UMAQOTULA ngitumeleni igama lake bese'ngiutumela kuye, ngokwenza loko niyobe nisiza mina.

Mr. A. H. TODD,
Umkemisi Wabantu,
RED HILL, Natal.

Kwa Mfundisi.

Eduze nakwa MNYAMANA,
111 a FIELD STREET
DURBAN.

Isitolo esinamandhla kakulu impela sanelisa wonke umuntu, wesilisa nowesifazane. Noma izinto zipakeme nje ake nizozibonela. Nohamba nidelile. Sitengisa ngezibalala, amasholo os'Embatwangapi, amabhayi, iziNtshodoamaRhwada, amajazi, namabhantshi asekuke kwagqokwa. izijalimani ngemibala yonke, amaPlinti amahle noKetshimiya, noSetini, noNtolibhantsh, abatsha, amashidi, namakwiliti emibhede, izitsha zokudhlela namabhodwe, zonke izinhlobo zamabhokisi.

Wozani nizotata inhlanhla, ngokuqala nihlole kwaMFUNDISI.

Isimemezelo.

Iziqiti zami ekade zimenyezelwa lapa epepeni ukuti ziyatengisa kade kusakambe ukwenza iPlan. Selilungile ke namhla. Bonke abase bétele imali mabeze bazobona' iziqiti zabo sesinama Number. Obengakezi masheshise alete imali ngoba seziti azisobele.

E. M. CELE.

Ohlange, Phoenix.

The Paragon Sharpening & General Repair Works.

W. A. Kinlock.
179, Umgeni Road,
Durban.

Umloli wezinto zonke ezinobukali, umkandi wezihlutulelo, umvusi wemishini, yokutunga yazo zonke izinhlobo, inyanga yezitofu, umhlanganisi wensimbi ngomtofu nangetusi nangokwayo yodwa.

Ikeli lasekaya: Inanda M. S., Phoenix.

LEMITI IXUBE IMITI YEMITI EGAZINI I AMAPILLS.

Ukudhla kwe gazi, nemitambo, ne misipa kuwo wonke umzimba. Ani keza igazi elibomvu elinotile, futi aleta amandhla kwababutaka, ngu 1s. 6d. ngebokisi.

REVIVA KIDNEY BEANS

Lawa ngumlungisi nomhlanzi we mvelo, ahlanza izintso. Zonke izifo zeSinye neZintso.

REVIVA LIVER PETELLS.

Lo usheshisa ukupilisa isisu esonakele nesibindi esingasebenzi kahle—1s. 6d. ngebokisana.

Lemiti enosizakalo emakayeni ifanele uba ibe kuwo onke amakaya.

Ingu 1s. 6d. ngebokisi, kubo bonke abatengisa ngemiti. Nxa unzenaku yitola lapo ukona, bhala ondise kitina, ufake imali sokutumela ama pills ngokushesha. Iposi ikokelwa yiti 1s. 6d. ngebokisi.

REVIVA MEDICINE CO.,
Dpt Y. No. 1. Burg Street, Cape Town

Native Nurses and Midwives.

WANTED, Native girls over 18 years of age and over Standard VI to train for two years for their examinations in Midwifery. £2 per month and uniform.

Write
DR. A. BONFA.
Umzinto.

Wanted.

Uncertifecated male Teachar Apply sharp stating Salary Required and testmonials if any, to
Principal E. G. BARNES,
S. A. G. Mission,
Box 4.,
Mbabane, Zwaziland.

Umhlangano! Umhlangano

Kubo bonke abatengi bezwe laseToleni (Klippoort). Uyakuhlangana ngo3rd. Oct. Bayaziswa bemenywa bonke abatengi ezindaweni zonke bafike eToleni.

R. XALA.
Ummemi
Toleni.

Wanted

Wanted immediately good competent Native cook for small household. Good wages given to capable boy Apply with references to Norman Smith, Vryheid.

Isifundo sesikole seSonto

Esesitatu Oct. 19.

UJESU KWAPETRO, Mk. 1: 21-39. ISITATELO: UJesu wati kuye, namhla usindiso lufikile kulendhlu. Luke 19: 9. Amanye amavesi aotisha: Matt. 8: 14-17 Luke 4: 38-44. EYABANTWANA INDABA: Okokwenziwa ngeSonto. Mk. 1: 21-34. OKU JONGIWE. Ukuqonda ukuba kwaba yinto enjani koPetro noAndreas nabahlobo babo nabanye abafikayo; uJesu ekaya, ukuba kusho ukutini kiti nakulabo bahambela kwetu.

Izihloko: 1 Inkonzo yeSabata endhlini yokusonta. 2. UJesu kwaPetro. 3 NgeSabata kusihlwa. 4. UJesu ekuleka ngamandhla.

Sesiqalile ngaleli kwata ukufunda ngokufundiswa kwaoPetro noJohane ngumfundisi wabo. Kwaba yisikati esimangalisayo kubo lapo sebeshiyi umsebenzi wabo banikela isikati sabe sonke ukuhlala noJesu! Kodwa ngapao mbi koba siqede sizaubona ukuti zabakona izinsuku zobumnyama nezikangayo njengalolu lweSabata. Ake sicabangengokuhamba kwalamadoda ukuti akwehlukile kokwetu ngezindhlela eziningi. UJesu nababafundi abasha abane baya enkonzweni yakusasa endhlini yokusonta njengoba wena nami siya. Kepa lolo kwabe kungelusuku oluvamileyo. Kwaba uJesu owafunda umBhalo wawucasisela, kwati bonke bamangala lapo bezwa amazwi ajayekileyo la ecaciswa nguJesu; uJesu loku evela kuNkulunkulu emazi uNkulunkulu wabazi okushiwo yilamazwi ngako washumayela ngamandhla agculisayo. Kwatike lapo ukufunda kunqanyuliswa ngumuntu onamabhungane, uJesu wakaula wampilisa lowomuntu. Nabala wonke umuntu waxoxa ngalomuntu omangalisayo nendaba yasheshe yanda wonke umuzi. 3. Wasuka lap'uJesu waya kwaPetro. Babekona noAndreas noJakobe noJohane. Uyahamba uJesu nawe epuma esontweni aye nawe ekaya lako? UPetro nabahlobo bake bajabula ukuba noJesu kona, hayi ngenxa yabo kupela, kepa kwakukona otile kona ekaya owab'edinga uJesu ongabanga namandhla okuya esontweni, wati efika uJesu babe mtshela ngaye. Ukona ekaya lako ongabanga namandhla okuya esontweni ukuya kubonana noJesu? Uwabonile amandhla notando luka Jesu esontweni? Umbikele ke uJesu ngalowo osekaya? Umyisile kuye uJesu? Lesosenzo sikaJesu saba ummangaliso, ngoba umkwekazi kab'egula yimfiva watola amandhla okulungisela ukudhla izihambeli nabomuzi wakwake Angebe nako ke loJesu osenawo lamandhla namhla ukusiza odingayo ekaya loka noma edinga okungakanani? Asilandiswa luto ngokunye okwenziwa ngalololusuku laze lashona, kepa niti anicabangi ukuti lapo kudhliwa nangasemva babehlezi bexoxa indaba noJesu bezwa amazwi ake otando nemiyalo yake ngokuhamba okuhle? Makube babekona nabantwana kona, ngoba sifunda ukuti mzukwane ekomunye umuzi wabiza abantwana, abati beza ngokushesha bebonisa ukuti babemtemba. Bayeza kuwe kanjalo abantwana? Uyabatanda ubapate ngomusa?

4. Sesibonile ukuba kwafikisani kuPetro nabomuzi wake ukufika kukaJesu kona. Kwati ngokushona kwelanga sesibona indaba eyingaba. Abantu abavela inxazonke kuwo wonke umuzi baya kwaPetro bezwe kutiwa uJesu ukona. Ukona oke afike ekaya lako ngoba ezwile ukuti uJesu ukona? Abanye labobantu bayaxuga, abanye bahambe begijima bezilahla nje ngoba benamabhungane, abanye batwelwe ngoba abanawo bona amandhla okuza kuJesu. Wabapilisa bonke uJesu Lombonda wabantu abanezinswelo zomzimba abasiwo umfanekiso uqobo wokuswela komoya kwabantu abasizungezileyo? Po. wayetanda yini uJesu ukubapilisa bonke! Labo abaziyo ngoNkulunkulu kepa abampilo yabo yomoya iyaxuga ngenxa yesono esitile nokungavumi ukulalela ukuhola kukaNkulunkulu, labo abapuputekayo bengaboni ukukanya, nalabo abangenamandhla abo okuziyela kuJesu. Kodwa mhlaumbe wena aukabi umfundi kaJesu njengoPetro auhambi naye imihla yonke ukuba ufunde kuye, mhlaumbe aukamuyisi ekaya lako emva kwesonto, noma mhlaumbe ukwenze kancane nangesita ukuba kako owaziyo ukuti ukona, okungati uma beya kona ekaya lako bazito'e izibusiso ezivezwa ukuba kona kukaJesu.

5. Indaba yaloku ukuhambela kukaJesu kwaPetro avipelele ngapandhle kokulandela oPetro, noAndreas, noJakobe noJohane endaweni esesita yokukuleka kukaJesu. Lapa sifumanisa imfihlakalo yamandhla kaJesu, ukuzwana noNkulunkulu, ukwenza intando yake, ukutola amandhla kuye, nokupuma uhambise indaba enhle kwabanye. Inxa ugoduka noJesu lelivesi liba yiqiniso eliku Luke 19: 9.

UMSEBENZI WOMZALI.

Umfana wako uhlala edwetshwa, esikwa, elimala. Ngoba lamanxeba ake apola kahle akusiyo inowadi yokuti ayauhlala ezipolela. Funa igabha likaChamberlain isigcobo sobuhlungu wenzel'ukuba ukulimala kubhekwe kahle. Awuko umuti ongahle uwutole odhlula lona. Isihlungu egazini yisifo esiyingozi kakulu ukuzifaka engozini yaso. Sitengiswa yibo bonke abatengisi.

Ukuvimbela ukuvukwa yiGrip

Lesi yisikati enyakeni lapa labo abakade beguliswa yilolohlobo lwemfluenza olutiwa yi"Grip" lapo sebeguliswa okulandela njalo ukubagulisa kwaso lesisifo.

I"Grip" ishiya igazi seli amanzi kuti loku kupapateka okwelama lomkuhlane kube lukuni kakulu ukuzwa imiti. Kusweleke kulungiswe loku anduba isifo selapeke kutiwe sipelile. Inxa igazi liselula kuyauhlala kukona ukuvukwa yilesisifo njengoba bazi bonke. Ukufudumala nokutula kodwa kuyasiza kepa akubi isikati eside njalo. Nobutongo akupumuzi akuyihlumeleli imzwa ehlala idonseke kakulu.

Ukupela kwendhlela efanele yokulungisa lomlandela we"Grip" ngukwaka igazi, amuko ke umaki wegazi odhlula amaPink Pills kaDr. Williams.

Linele igazi eselivuselelwe, lihambe emzimbeni ubese uzwa nje nawe ukuti ungenwe amandhla aduduzayo. Kuye ngokuya umbala ubuyele ezihlatini ezipapatekileyo kuti nenhliziyo ibe mhlope nokudhla kuhambe kahle bese uba sendhlelani yokupila.

Umtengisi wakini uyatengisa ngamaPills kaDr. Williams noma kona ngqo kwoDr. William's Medicine Co., Long Street, Cape Town ngo 3s. 3d. ngegabha noma ngasitupa ngo 18s. ungalixokeli iposi.

Abantu bayabuza
(NGU MAHAMBEHLALA)

Bati nganginyamalele njena ngangisaye ngapi na? Ngaugisavakashele pakati kweSouth Africa ngibona izihlobo zami, ngizwa nezindaba zezwe.

Babuza ukuti abefundisi bamaBandhla ahlubuka eRoma, uma beti kwabapuma kubo, "bahlubukile" ukuti lelozwi balitata kuyise wabo uRoma na?

Bati kwenza ngani ukuba kube kona abefundisi abanakekela ukubaptiza izingane bangakatali ukuti zize zitunyelwe ezikoleni ziyofunda?

Babuza ukuti amaKosi nabefundisi benziwa yini ukuba babolalela izinhlebo zabantu, nomuntu okukulunywa ngaye engeko ukuba azipendulele bese bekolwa na?

Bati yini ukuba abefundisi babandhla linye ukukuluma kwabo kungafani? Abanye bati kubantu umsbado wafika nomlungu, ipoyisa lokumelela nokuba lafika nomlungu alilungile ngoba livulele ukuba umuntu atate isitembu, babe abanye becela abazoshadisa emabaudhleni abo, abanye bale ngoba bengakatoli ilungelo lokushadisa ?

Bati kopela konke loku uma sekukona abaqinile ekukolweni okwafika nomlungu?

Bati njengoba iKoloni inamalungelo okuvota njena yake yabakulumela abanye bamaProvinces ukuba nabo bakululwe banikwe amalungelo, besizwe sakubo esimnyama njengokuba uEsther wakudala wenze njalo ?

Babuza ukuti baqinisile yini abefundisi ukuti bazomcebisa uHulumeni wemfundo ukuti uma eseqondile ukutata ezinya izikole kubefundisi zibe amaGovt. Schools aze atate amatishela akoliwe odwa ngoba angakoliwe ayodunga izingqondo zabantwana bamakolwa nokuba bangabe besabalalela nabafundisi babo?

Bati njengoba amaNxusa endhlu emnyama essiGodhlweni sikaKing pesheya nokuba ubani owayelwa nokuwela, nokuba kutatwe izwi lake, nokuba owayekalela isikundhla esitile. Kungebe kuhle yini ukuba iSouth Africa iti, Nkulunkulu kumbula izililo zendhlu emnyama ezatunyelwa kuKing ngo1914 ukuba namhla kubuye imperdulo nalamadoda apindele kona?

Bati konje malungiselelo mani kulomcabango walomhlangano owawuse Bloemfontein oti abafundisi abamnyama ababe nobudhlelwane njengabamhlope nokuba behlukene ngezinkonzo zabo?

UMUTI WOMKAYA WOKWELAPA UKUKOHLELA.

Udumo lomuti wokukohlela kaChamberlain lungangezwe. Usiza ekukohleleni osekugxilile komuntu omdala, noma iKrupu nogola lwabantwana. Igabha lilinye lidhliwa umuzi wonke. Utengiswa yibo bonke abatengisi.

Ezase Krantzkop.

Lapa eKrantz Kop kute ngo12. Sept. 1919 kwaku ikona kubutanwayo kubi kelwa amakosi ukuti impi ipelile. Amakosi ayekona kwaku oChief MpiSiyenduna, Mkuzangwe, Ttshutshutshu Mtamo, iMantshi yababikelake ukuba impi isipelile ngokwohlulwa kwamaJali mani nokuba umbusi walelizwe kaseko uBotha. Yashoke incoma ukuhlakanipa kwamaNgisi ukunqoba lempi nokudabuka kwabo ukufelwa nguMbusi waleli uBotha, nokutike uHulumeni isifunda salapa sinikwe izinkomo ezimbili noko zincane (ukuba pela amakosi alesi sifunda asi 7 nokoke amanye ayetumele izinduna) ngangoba uze wakipa kweyake imali watenga imitombo ukuba kugaywe utywala. Yasukuma inkosi yakwa Hlongwa uMtamo yabonga yancinciza ukuba isita samakosi etu sesehluliwe kepa weleka elokuti kepake njengoba naku pela amakosi etu lawa kade elwa nengwenya efuna ukubhida izwe lonke naku seinqotyiwe, nati siya kala emakosini sicela sipatwe kangcono abantabetu kuqutywe izinhlamvu lezi esipila ngaso, izinto ziyabiza loluhlamvu oluholwa abantabetu alusenzi luto futi amakosi etu kufanele asihlangulise kubelungu laba bamaplazi bayasibulala ngommbila nangako konke nokutengwa ezitolo kunjalo. Yagcina. IMantshi yapendula yati lelilanga akusilo elezikalo elokutokoza ngokupela kwempi izikalo abaziketela elazo ilanga beze bazosibeka. Kwasukuma uTshutshu tshu inkosi yama Bomvu yapinda kona loko noko yeleka elokuti sesiyatula ngoba sekushiwo ukuba size ngelinye ilanga. Sojabulake uma amakosi etu esemukela esizwela. Ngokufa kuka Botha akubonaze kupatwa muntu kwacitekwake kwapuzwa amatywala kwa dhliwa zinyama kwanje kwagwiywa.

Okubike okwenziwa ngabantu ukulwa. Bekulwa abakaMpisiyenduna noTshu tshutshu kulamasonto edhlule uma ngi kutiwa kufe baba batatu bakaTshutshu tshu amaBomvu belwa nama Ngcolosi baka Mpisyenduna. Lapa eKrantzkop uma uya eNkantolo wetula isigqoko ungene esangweni ushiswe ilanga noma lina unete kuze kushaye 5 uhambe. Tina bonhloko kayivutwa sesake sangeniswa pakati ngaloko. Konke okwenziwa lapa anikwazi. Wonke umlungu nje wesitaladi kutiwa Nkosi uti uma ukuluma naye ukumule isigqoko. Kwenziwa nkoba kusavane abantu ababhincayo.

J. M. MCUNU.

Ububi belobolo.

Ku Mhleli weLenga laseNatal.

Ake ungivumele kengijwapune kule nkomo yako kengiveze libe linye mayelana neLobolo. Sebekulume kakulu. Abanye bati ukutengisa abanye bayapika. Cabo banumzane mina ngizobuza ngoba angazi noma ukutengisa noma umkuba nje wabantu. Kukona into embi kakulu eyenziwa abantu engingaqondi mina ukuti isho ukutini, eseduze kwalo iLobolo. Lapa ngifike ngibone kona ukuti ukutengisa loku ngikuluma ngento esengiyibone kwaze kwakatatu, kepa ingimangalise ukuti yenziwa kanjani loku kayiqondile nje. Kufike kuti umuntu abe namadodana atile aganwe onke mhlaumbe, life ikehla, kuti omunye kulamadodana umka ke angabi nanzalo afelwe, besekuti isigcino sekufa indoda sekuti abafowabo bendoda sebengeswani nomfelokazi sebemxotya abuyele kubo. Kube ke usemutya ekuhlaleni kwake kubo angagani, mhlaumbe uzobe enayo ingane afike nayo ventombazana. Ekuhlaleni kwake uzoyitola futi enye ingane ekwazini kwake yentombazana futi azondhlele ke umfazi labantwana bake ehamba ewa evuka, ebamba amatoho esiswa abantabake ngoba engenabani, kuze kupele mhlaumbe iminyaka engu18 noma 26 engazange abone muntu walapa lapo ayeganele kona. Ziganeke izintombi ebese baya vela ke abazoshi bowesifazane sebelande ifa abangalisebenzanga basolitata. Bamnike £5 kupela womqoliso benezwi lokuti watengwa ngezinkomo, kanti yibona abamxoshileyo efelwe ngumyeni wake. Ebese bemshiya ahlale kona ekuhlupekeni ngoba abasenandaba naye sebelitolile ifa Ngisho nje kukona esinye isalukazi engisaziyo esabe sizele izintombi ngayo lendhlela esengikulume ngayo sebafika batata ifa sona basishiya no£5. Kuyo yonke leminyaka sigcine abantwana sixoshwe sibagcinele u£5. Kuti ke naleyo ntombi ingendiswa ingenziwa luto kuso sonke isikati. Bati uma behlezi bepulula izindiwo, babeti siyobona uyosha disa singeko tina, loku yonke leminyaka siyatela u14s. Kungconokodwa kulaba abasuke beshadile.

Yimi,
P. C.
Germiston.

Ezindala ZabakwaZulu.

Ayike uCetshwayo esenqobile uMbulazi, ukulandela kwake uyise uMpande, esikundhleni sobukosi kwaskulondolozekile. Loko kodwa kwabanga enye ingozi, ingozi belu yokuba uCetshwayo angahlaleli ukuzifela kukayise, kanti amsuse esikundhleni sobukosi ngayona leyondhlela uDingane noTshaka abasuswa ngayo. Noko-ke uCetshwayo akenzanga loko. Ukumdedela kanjalo uyise, akubonakali kahle ukuti uCetshwayo wenza ngokumhlonipa kakulu. Kwangati wenza ngasona lso 'sisusa uDingane ayeputile ngaso ukumbulala, ukuti nje uMpande wayebhekwa, ecatshangwa engumuntu ongenamandhla amakulu, engesiso isivimbezelo esikulu kwabanye endhleleni yokufuna ubukulu nobukosi, uMpande wayengesatshwa.

UKUFA KUKANOMANTSHALI.

Yebo pela, ukuti ukuhlonipa uyise kwakungenamandhla amakulu kuCetshwayo, kuyabonakala ngokulandelayo: Kwakukona unoMantshali uMpande ayeganiwe uye eseyinkosi. Kwakungati uMpande uyatanda ukumbeka pezu kwalabo ayeganiwe yibo engakatati isikundhla senkosi. Umuzi kaNomantshali kwakungowase Mdumezulu. Ayike uCetshwayo wanquma, wati, indhlu kaNomantshali sicitwe. Watuma induna yake, uMbomvana, iyowenza lomsebenzi.

UNomantshali waye namadodana amatatu, uMtonga noMgidhlana noMpoyana. Kwati uMbomvana efika eMdumezulu, uMtonga noMgidhlana babengeko, behambile. Nonina uNomantshali wab'eyengeko, wayekwaLangazana. KwakunguMpoyana yedwa owa finyaniswa ekaya. Noko naye watola ituba lokudeda. Wasuka nezinye izinsizwa kepa noko, noma kwaba ngokuba engaqondi kahle yon'ingozi noma engaqondi indhlela yokuyibalekela; into eyaziwayo ngukuti watshetshe wabanjwa, waletwa kwaNodwengu, umuzi omkulu kaMpande. Wati uMpande ebona naku kuletwa umntwana wake, wamemeza wasuka waya nga kuye. Amadoda kodwa abamba umfana amponsa ngamandhla ngas'odongeni. Umfana wavuka 'opa indhlebe Wakaleti, umfana onjengaye angaba kanjani necala lokubanga ubukosi ? UMpande wayengenamandhla okwenza luto. Umfana wapunyiswa esangweni wabulawa. Siyabona ngako ukuti uMpande wayeseyinkosi ngokubizwa nje kupela. UNomantshali wabulawa naye, kepa uMtonga noMgidhlana bapunyuka, babalekela emaBhunwini.

Kwati kusabusa uMpande, ukuhlasela ezinye izizwe kwakungavamile. Kwahlaselwa kwakanye kuhlaselwa amaSwazi. Kwakungaliwa kodwa ngempela. AmaSwazi asuka acatsha ezintabeni, ahlalela kona abakwaZulu aze apindela emva. AmaSwazi ase mtumela uMpande izinkomo eziningana enzela ukumhlaba umxwele, yikona eyobayeka esikatini esilandelayo.

Kusekona kodwa enye indaba eyenzeka emaSwazini mhla abakwaZulu bewahlasela. AmaSwazi ayisa iningi lezinkomo zawo eTilasivali, emaBhunwini zihlale kona ukuhlasela kuze kupele, funa zitunjwe ngabakwaZulu. Ayike njengoba amaSwazi ebesiziwe ngalendhlela ngamaBhunu, ayesenesikweletu kuwo ayefanele ukuwabuyisela uto Enzake kanje: atumba abantwana abaningana bamaTonga abanikela amaBhunu.

Umteto uMpande ayebusa ngawo abantu bake, waufana nowakuqala nakuba ukubulala abantu kwakungasavamile njengakuqala. Ukulahlelwa ukufa kwakunje: Uma kwakunqunywe kucatshangwa ukuti uBanibani ufanele ukufa impela, indaba yayinga vezwa kwakwenziwa konke okuswele kile ngasese, olahliwe wayebulawa masinya. Uma kodwa icala lalingabonakali kahle, kusabaliswa noma ngasi p'isisusa ngokuti kufanele akufanele yini ukuba afe, indaba yayivezwa, umbiko uze ufinyelela kobulawayo, aze atole ngako ituba lokuba asuke, abalekele kwesinye isizwe.

UMpande wafa emnyakeni ka1872. Wazifela kambe engabulawa njengo Tshaka noDingana. Wayete esequbekele eminyakeni, wayezimukile kakulu nembala wayes'ehluleka ukuhamba ngenxa yaloko. Esengumuntu omutsha kodwa, kuyalandwa ukuti, isimo somzimba wake wayeyindoda enhle impela, nakuba wayengaqinile kakulu ngokomo ya njengoba kade sizwa.

Zam-Buk
"RUB IT IN"

AmaHlubi
(NGU M. M. FUZE)

Uyaqal'efika kubelungu uMahoiza ebaxoxela leyo ndaba yaze sekubonakala sekuba sobala ukuti uLangalibalele nseyimpi uqobo, kade enqunisa iNxusa lakomkulu ebe liyombiza, walile nokuza kuHulumeni. Hau! wayihlomisa njaloke umfo kaSonzica, kwahloma uMtiutandaba (uMfuletelwa noNgoza) noTetelegu kaNobarda kanye nezizwana lezi ezazipetwe ngu-Somtseu laya kubulawake izwe lasemaHlutshini.

Kanti uLangalibalele ute uba ayizwe ukuti nansi isifikile, wapuma ekaya wadundubala uNdi waqondakuMlambo kaMtshwetshwe, umngane wake owabe eti uma enendhlala atumele azotekela kuLangalibalele, nembala afike amtekelise amabele lawa anhlamvwana. Emva koba esepumile izwe lati niki lonke, izinsizwa namakehla nezinkomo zonke zezwe, kwaputunywa ngalapo iNkosi iye kona, beholwa yinduna yezinsizwa uMabhudhle, bati abesifazane nezingane namaxegu bashiywa emigedeni endhle, imizi yonke yasalaze.

Naukoke amaKangendhlela eti lapa eputuma entubeni yoNdi, ahle ahlangane nazo izinkomo eziningi ziqutshwa izinsizwa lezi zikaMabhudhle. Kanti abelungu laba sebelambile. Banele ukuzibona nje izinkomo, bahle bakete yona enonileyo bayishaye ngesibhamu iwe. Yanele ukuwa nje bangabe besabuza, bawe ngaomeso kuyo befuna ukufukuta, bazisize. Po ke loku bahamba nabanye bakiti abamnyama. Kuhle kuti lapo izinsizwa zicunuke, zibona inkomo eziyiqubayo iwela ebusweni bwazo kungasakulunywanga nazo, sitshe lapo kuwe abamnyama abatatu—uElijah Kambule wenduna ukulu yaseEdendale. uJob Kambule, kanye nabanye ababili, kuwe umfo kaMajor Erskine nomfo kaMr. Bond. Wo! yonakala lapo indaba kwaba isipitipiti esibana nje lapo, bahlehla abelungu, ngoba pela babe ngaqondile ukulwa kuleyo nkati, babeputuma kodwa ukuyakuvimbela iNkosi ababengazi ukuti isidundubele uNdi, abeSutu laba sebelandela yona.

Hau! kwonakala lapo kubantu, sebegwaza amaxegu okutiwa mawapume emigedeni kanye nesifazane nezikundhlwana osekutunjwa kupangwa kubuywa nako kuletwa lapa emakaya. Kwapangwa abantu nezinkomo kanye nezimvu nezimbuzi nempahla yonke amafuta ezidwaba nemitsha—kwasisingwa kweziwa naloko konke emakaya. Safa abanye basemaHlutshini nabanye basesiLungwini. Indaba embi!

Kute uba kwenziwe konke loko emaHlutshini, nansiya impi yakwaSomtseu se idhlulela emaNgweni iyakucita abakwaPutini futi, yenza kona loko nakubo, yabulala yapanga njengase maHlutshini. Babulawa njalo abakwaMazibuko labo akuko cala nelilodwa abakonjelwa lona. Wabanjwa waletwa lapa noMadhloi kaPutini owabe esepete esikundhleni somfo wabo uMpikeleli ongaseko, wafika kanye noBaso umfo wabo noMbemba induna yabo. Hau! kwaba insumansumane nje ebuhlungu ukuciteka kwelezizwe zozibili.

Angiti nisayikumbula konje indaba enginixoxele yona yokuciteka kwazo kwaZulu kusabusa uMpande? E! kunjaloke nanamhla. EsasemaNgweni sifa ngenxa yesasemaHlutshini namuhla. Umlilo otshisa abakwaMazibuko usuke usutshisa abakwaMtimkulu, uti uma utshisa abakwaMtimkulu kuye kutshe nabakwaMazibuko futi, kufane nokuzalana kwabo.

Isahluko X.

UK BANJWA kukaLANGALIBALELE.

Kanti uLangalibalele udundubele uNdi njalo, wahamba nangya eqonda eluSutu kwesikaMlambo kaMshweshwe, lapo wati uba afike kona, uMlambo wamyenga wati kangene endhlini kanye nabantu ayehamba nabo; kanti bangena nje sebekakwe yimpi yabelungu eseyipuma eKipi. Owazi usuku lokuhlwa emini ngo1873, kulowo nyaka kabange esabuza, yikoke ukubaojwa kukaLangalibalele eseletwa lapa eNatal epuma Osutu kwaMshweshwe.

Wafika-ke okaMtimkulu wafakwa kuyo indhlu yabo lena eligugu—ijele wahlaliswa kona. Wazinge eletwa lapa equtshwa ngaoNongqayi bempatele izibhamu namavolovolo. Icala lake lalitetwa amakosi amakulu aoSomtseu namanye, uMr. John Shepstone engumumeli wakwomkulu.

Walanda-ke uMahoiza endabeni yokutunywa kwake kwokuya kumbiza, wakipa izwi elikulu ehbangela abantu amahloni, lokuti uLangalibalele wamhlubulisa izingubo emzimbeni, wamnqunisa wahlala ese isidindili enqunile. Kwabuzwa kuLangalibalele ukuti wabe ekwenzelani loko ukunqunisa iNxusa lakwomkulu na? Yena wapendula wati, kungenxa yoba ekumbula indaba eyenziwa kuMatshana. Kepa kabuzwanga ukuti yini leyo eyenziwa kuMatshana na ?

Kute ngenkati yakusihlwa kusandu kudhliwa wangibiza uSobantu ukuti yini eyenziwa kuMatshana, uLangalibalele aseze wakuluma katatu eti bo esaba loko okwenziwe kuMaa na?

(Isaqutshwa)